



**Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomgondo\***  
**(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

---

**Ilungu leqoqo le-dti**

**IMANUWALI YEKHOMISHANA YEZINKAMPANI NEMIKHIQIZO YEZOBUCIKO  
BOMQONDO (I-CIPC) EMISWE NGOKWESIGABA 14 SOKUGQUQUZELA  
UKUTHOLAKALA KOLWAZI, UMTHETHO 2 WEZI-2000**



**IKhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomgondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

---

**OKUQUKETHWE**

- 1. UMthetho Wokugququzela Ukutholakala Kolwazi (i-PAIA) 2 wezi-2000**
- 2. Ukuchazwa kophiko lukahulumeni - i-CIPC**
  - Ukusungulwa nomsebenzi omisiwe
  - Uhlelomumo Lwesikhungo
  - Imisebenzi
  - Impokophelo Nombono
- 3. Imininingwane Yokuxhumana**
- 4. Umhlahlandlela weSigaba 10**
- 5. Indlela yokucela ukuThola Irekhodi Eligcinwe yi-CIPC ngokwe-PAIA**
  - Amarekhodi agcinwe i-CIPC
- 6. I-CIPC Iwuphiko Lukahulumeni Oluchazwe kuSigaba 1(b)(ii)**
  - Ukusetshenziswa kuSigaba 14(e) no (f) se-PAIA kumarekhodi e-CIPC.
- 7. Indlela yokubamba iqhaza noma yokuba negalelo ekwakhiweni kwenqubomgomo, ukusetshenziswa kwamandla noma ukwenziwa kwemisebenzi**
- 8. Izixazululo**



**Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomqondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

**Ilungu leqoqo le-dti**

**1. UMTHETHO WOKUGQUQUZELA UKUTHOLAKALA KOLWAZI (emuva kwalokhu ozobizwa ngokuthi i-PAIA) UMTHETHO 2 WEZI-2000**

I-PAIA yaphasiswa yiphalamende ngowezi-2000 bese yaqala ukusebenza ngowezi-2001. Lo mthetho uphumelelisa ilungelo lokuthola ulwazi olugcinwe wuphiko lukahulumeni noma uphiko oluzimele. Ukutholakala kolwazi olugcinwe wuHulumeni kuyilungelo elimiswe ngokomthethosisekelo, eliqukethwe kusigaba 32 (1)(b) soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika. Nokho, ilungelo lokutholakala kolwazi olugcinwe wuphiko lukahulumeni noma uphiko oluzimele kungenzeka kube nezihibe uma kunezizathu ezichazekayo nezifanele, ngendlela elinganisa ulwazi namanye amalungelo angase abe khona kumthethosisekelo.

I-PAIA idinga ukuthi i-CIPC ibhale imanuwali ehlinzeka ngolwazi olumayelana nezigaba zamarekhodi enawo, kanye nenqubo yokucela ukuthola ulwazi. Le Manuwali ididiyelwe ngokwesigaba 14 se-PAIA ukuze ihambisane nesidingo futhi icacise kabanzi ngenqubo ezolandelwa uma kufakwa isicelo sokuthola ulwazi e-CIPC.

**2. UKUCHAZWA KOPHIKO LUKAHULUMENI - I-CIPC**

**Ukusungulwa nomsebenzi omisiwe:**

I-CIPC yasungulwa njengomuntu ngokomthetho ukuze isebenze njengohlaka lukahulumeni ngaphakathi kuhulumeni, kepha ibe yisikhungo esingekho ngaphansi kweminyango kahulumeni, njengoba kuchazwe kuSigaba 185(1) soMthetho Wezinkampani, 71 we-2008.

Izimpokophelo zekhomishana, eziqukethe umsebenzi wayo zididiyelwe kuSigaba 186 soMthetho Wezinkampani, wezi-2008 futhi zibandakanya okulandelayo, yize kungasikhona kuphela:

- Ukubhaliswa nokugcinwa kwezinkampani ngempumelelo, ama-*co-operatives*, namalungelo ezobuciko bomqondo;
- Ukugququzela imfundo nokuqwashisa ngemithetho yezinkampani nobuciko bomqondo;
- Ukuqinisekisa ukulandelwa koMthetho Wezinkampani kanye neminye imithetho esebenzayo; kanye
- Nokubheka ukusetshenziswa komthetho osebenzayo.

**Uhlelomumo Lwesikhungo**



**IKhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomgondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

**Ilungu leqoqo le-dti**

Uhlelo Lwesikhungo Lwe-CIPC

UKhomishina

Ucwaningomabhuku  
lwangaphakahi

Ezokuphatha, Ezengcuphe  
Nokulandelwa Kwezimiso

Uhlelosu

UPhiko Lwezokulawulwa  
Kwamabhizinisi  
Nezokubhekele Izindaba  
Zesikhungo

Uphiko Lwezamasu  
Amasha Nezobuciko

Ezokuphatha,  
Ezengcuphe  
Nokulandelwa  
Kwezimiso

Uphiko  
Lwemisebenzi-  
ngqangi  
Yesikhungo

Ezezimali  
Nezokukhishwa  
Kwemisebenzi

Amareji  
sta  
Esikhun-  
go

Ukuphoqel-  
elwa  
Nokulande-  
lwa  
Kwezimiso

Ezemfund-  
o,  
Inqubomg-  
omo  
Nezomthe-  
tho

Amaphethenti,  
Imidwebomumo  
kanye Namasu  
Amasha

Ukuphathwa  
nokuqinisekiswa  
Kolwazi  
Lwebhizinisi

Izikhungo  
Nokuvikeleka

Izimboni  
Zezobuciko

Ukuhlinzekwa  
kwemisebenzi  
ye-ICT

Ukubonisana  
Namaklayenti  
Nokuphathwa  
Kohlelo  
Oluwuchungechu-  
nge  
Lokuthengisa

Uhlelosu  
Nohlakakusebe-  
nza lwe-ICT

Umnyango  
Wezabasebenzi



**Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomqondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

**Ilungu leqoqo le-dti**

**Imisebenzi ye-CIPC: (Kuqukethwe kuSigaba 187 soMthetho Wezinkampani, 71 wezi-2008)**

- Ukubhaliswa Kwezinkampani, Ama-co-operatives Namalungelo Ezobuciko Bomqondo (izimpawu zezinkampani, amaphethenti, imidwebomumo kanye nelungelo lokukopisha) nokugcinwa kwawo.
- Ukudalulwa kolwazi kumarekhodi kumarejista ebhizinisi ngokugculisayo nangempumelo.
- Ukugquguzela imfundo nokuqwashisa ngeMithetho Yezinkampani Nezobuciko Bomqondo.
- Ukugquguzela ukulandelwa kwemithetho esebenzayo.
- Ukuqaliswa koMthetho Wezinkampani ngendlela egculisayo neyimpumelelo.
- Ukuqapha ukulandelwa kwezimiso nokuphambana nemigomo yokubika ngezimali, nokwenza izincomo zakhona zoMkhandlu Wemigomo Yokubika Ngezimali (i-FRSC)
- Ukuhlinzeka Ngelayisense Yabasebenzi Bezokutakula Ibhizinisi.
- Ukubika, ucwaninge futhi weluleke uNgqongqoshe ngezindaba zenqubomgomo kazwelonke eqondene nomthetho Wezinkampani Nezobuciko Bomqondo.
- Ukwenza noma eyiphi imisebenzi ehambisana nayo enikwe isishayamthetho, njll.

**Impokophelo nombono we-CIPC:**

Ukuba wumlawuli wezikhungo zebhizinisi osezingeni elincomekayo emhlabeni namalungelo ezobuciko bomqondo futhi okuzokwenza ukuqhuba amabhizini eNingizimu Afrika kube lula futhi kuthandeke.

**3. IMININGWANE YOKUXHUMANA**

<b>Uphiko Lukahulumeni</b>	<b>Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomqondo (i-CIPC)</b>
Isikhulu Solwazi	Adv. Rory Voller Commissioner
Ikheli Lendawo	The dti Campus, (Block F - Entfutukweni) 77 Meintjies Street, Sunnyside, Pretoria P.O Box 429. EPitoli
Inombolo Yocingo	012 394 9973
Inombolo Yefeksi	012 3941015
Isikhungo Sezingcingo	086100 2472
Ikheli le-imeyli	<a href="mailto:RVollert3icipc.co.za">RVollert3icipc.co.za</a>
Iwebhusayithi	<a href="http://www.ciDC.co.za">www.ciDC.co.za</a>



**Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomqondo\***  
**(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

**Ilungu leqoqo le-dti**

Isikhulu Solwazi, siqoke umuntu ongezansi njengePhini Lesikhulu Solwazi ukuze i-CIPC kube yindawo okungafinyeleleka kuyo ngokufanele kulabo abafake isicelo sokuthola amarekhodi ayo ngokwe-PAIA:

<b>Uphiko Lukahulumeni</b>	<b>Ikhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomqondo (i-CIPC)</b>
Iphini Lesikhulu Solwazi	Nkk. Lucinda Steenkamp Umeluleki Wezomthetho Omkhulu: Uphiko Lwezomthetho Lwesikhungo
Ikheli Lendawo	The dti Campus, (Block F - Entfufukweni), 77 Meintjies Street, Sunnyside, Pretoria
Ikheli Leposi	P.O Box 429, Pretoria
Isikhungo Sezingcingo	086 100 2472
Ikheli le-imeyli	<a href="mailto:Daia@ciDC.co.za">Daia@ciDC.co.za</a>
Iwebhusayithi	<a href="http://www.ciDC.co.za">www.ciDC.co.za</a>

**4. UMHLAHLANDLELA WESIGABA 10: INDLELA YOKUSEBENZISA I-PAIA**

Ikhomishana Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika (i-SAHRC) yasungulwa ngokwesigaba 18(b) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika we-1996. Iyisikhungo sikazwelonke esasungulelwa ukugxilisa intandoyeningi ethathelwe kumthethosisekelo futhi yaqokelwe ukuphatha inqubo ye-PAIA.

Ikhomishana Yamalungelo Abantu kumele, ngokweSigaba 10 se-PAIA, ididiyele umhlahlandlela oqukethe ulwazi olungadingwa wumuntu ofisa ukusebenzisa noma eliphi ilungelo elikwi-PAIA.

Uma udinga olunye ulwazi nge-PAIA kanye / noma ufisa ukuthinta i-SAHRC sicela uvakashele iwebhusayithi yayo ku-<http://www.sahrc.org.za>.

**5. INDLELA YOKUCELA UKUTHOLA IREKHODI ELIGCINWE YI-CIPC NGOKWE-PAIA**

1. Umuntu ocela ukuthola ulwazi (kumele asebenzise ifomu elimisiwe (iFomu A elingezansi) lokufaka isicelo.
2. Isicelo kumele siqondiswe kwiPhini Lesikhulu Solwazi, kusetshenziswa imininingwane yokuxhumana equkethwe kulo mbhalo futhi kuthunyelwe isicelo nge-imeyli.
3. Umfakisicelo kumele ahlinzekwe ngolwazi olwanele kwifomu lesicelo ukuze iPhini Lesikhulu Solwazi lihlonze ulwazi oluceliwe.
4. Umfakisicelo kumele akhethe indlela afisa ukuthola ulwazi ngayo (ukubuka, ukuthola ikhophi, iphepha noma ngendlela yezobuchwepheshe njll.).



**IKhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomgondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

**Ilungu leqoqo le-dti**

5. Amarekhodi agcinwe wuphiko lukahulumeni angahlinzekwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.
6. Esimweni lapho uMfakisisicelo efake isicelo egameni lomunye umuntu, uMfakisisicelo kumele athumele ubufakazi besikhundla afaka isicelo ngaphansi kwaso.
7. Lapho kugunyaziwe ukuthi lutholakale ulwazi, uMfakisisicelo kumele akhokhe imali yokutholakala kolwazi ukuze lukhiqizwe kabusha, lubhekwe futhi kulungiswe amakhophi noma imibhalo yolwazi kanye nesikhathi esidingekayo ukuze atholakale esikhathini esingengaphezu kwamahora anqunyelwe lo msebenzi ngokoMthetho, ukuze kudalulwe ulwazi.
8. IPhini Lesikhulu Solwazi sizokwazisa uMfakisisicelo ngesinqumo sokugunyaza noma sokunqaba ukuthi athole ulwazi alucelile ezinsukwini ezingamashumi amathathu (30) emuva kokwamukelwa kwesicelo. Esimweni lapho isicelo solwazi sibandakanya umuntu wangaphandle, iPhini Lesikhulu Solwazi lingalula isikhathi esibalwe ngenhla ngezinsuku ezingamashumi amathathu kodwa zingeqeli kwezinye izinsuku ezingamashumi amathathu (30) ukuze kunikwe umuntu wangaphandle ithuba lokwenza izethulo.
9. Amafomu okucela ulwazi: <http://www.ciDc.co.za/index.DhD/Access/companies/>

**Amarekhodi agcinwe yi-CIPC:**

I-CIPC inomsebenzi wokusungula nokugcina irejista yezinkampani kanye nanoma eyiphi enye irejista ebalwe kuMthetho Wezinkampani, nanoma omuphi omunye umthetho omisele iKhomishana umsebenzi werejista. Phezu kokugcinwa kwalawo marejista, iKhomishana kumele yenze konke okusemandleni ukuze ihlinzeke ngolwazi (ngaphandle kolwazi oluyimfihlo) emphakathini nakwezinye izikhungo zikahulumeni, ngempumelelo nangokugculisayo.

Ukuze uthole olunye ulwazi ngezigaba zamarekhodi agcinwe yi-CIPC, sicela uvakashele iwebhusayithi ye-CIPC: [www.cipc.co.za](http://www.cipc.co.za)

**6. I-CIPC IWUPHIKO LUKAHULUMENI OLUCHAZWE KUSIGABA 1(b)(ii) se-PAIA**

Isigaba 14(e) no (f) se-PAIA sihlinzekela uphiko lukahulumeni ukuze luhlinzeke ngolwazi maqondana nezigaba zamarekhodi alolo phiko, atholakalayo emphakathini ngaphandle kokuthi umuntu acele ukuwathola ngokwe-PAIA.

Umphakathi ungakwazi ukuthola inqwaba yolwazi olugcinwe i-CIPC ngokoMthetho Wezinkampani, 71 wezi-2008 nenqubo yokucela lokho ibhalwe kuwebhusayithi ye-CIPC.

**Ukutholakala kwemisebenzi ye-CIPC:**

Vakashela iwebhusayithi yethu: [www.cipc.co.za](http://www.cipc.co.za)



**IKhomishana Yezinkampani Nemikhiqizo Yezobuciko Bomgondo\*  
(i-Companies and Intellectual Property Commission\*)**

---

**Ilungu leqoqo le-dti**

**7. INDLELA YOKUZIBANDAKANYA NOMA YOKUBA NEGALELO**

**i. Ukwakhiwa kwenqubomgomo, ukusetshenziswa kwamandla noma ukwenziwa kwemisebenzi**

- Imihlangano Yokufundisana Kahulumeni;
- Imihlangano yokufundisana yababambiqhaza;
- Izingxoxo / imihlangano yokufundisana neminyango kahulumeni;
- Imihlangano eqhutshwa nge-inthanethi;
- Okushicilelwe ngewebhusayithi ye-CIPC: kanye
- Nezinhlelo Zokubambisan.a

**8. IZIXAZULULO**

Umfakisicelo angafaka isicelo enkantolo sokubuyekeza isinqumo se-CIPC uma enganelisekile ngesinqumo esithathiwe njengoba kubhalwe kuzigaba 78 - 82 ze-PAIA.